Indlela yo**Kuziphatha**
Ngesikhathi Sokhetho



Ngabe iyini Indlela Yokuziphatha Ngesikhathi Sokhetho?

Indlela Yokuziphatha yisethi yemithetho. Amaqembu kanye nalabo abangenele ukhetho kufanele:

- balugxeke udlame lwezepolitiki kanye nokwesatshiswa kwamanye amaqembu ezepolitiki, kwe-IEC, kwamalungu omphakathi kanye nabezindaba;
- bazise izikhulu eziphethe mayelana namamashi ahleliwe noma nemibuthano yezepolitiki;
- baxhumane namanye amaqembu ezepolitiki mayelana nezinhlelo ezithile zezepolitiki ezihleliwe;
- bawahloniphe amandla anikezwe i-IEC;
- basebenzisane nezinhlaka ze-IEC futhi bazivumele ukuthi zikwazi ukwenza imisebenzi yazo;
- basebenzisane namaphoyisa ekuphenyeni kwawo ubugebengu bokhetho kanye nodlame; bese
- bemukela imiphumela yokhetho noma bayedlulisele enkantolo imiphumela uma bengagculisekile ngayo.

Ngabe isebenza kanjani Indlela Yokuziphatha na?

- Indlela Yokuziphatha Ngesikhathi Sokhetho kufanele ukuthi kuvunyelwane ngayo phakathi:
  - kwanoma yiliphi iqembu lezepolitiki elibhalisile ngaphambi kokuba iqembu lize libambe iqhaza okhethweni; kanye
  - nanoma yimuphi umuntu ongenele ukhetho ngaphambi kokuba afakwe ohlwini lwabantu abangenele ukhetho.
- Amaqembu ezepolitiki kanye nalabo abangenele ukhetho ngabodwana kufanele bayilandele Indlela Yokuziphatha futhi kufanele:
  - bazise umphakathi Ngendlela Yokuziphatha Ngesikhathi Sokhetho;
  - bakhuthaze inhloso Yendlela Yokuziphatha; futhi
  - beseke imizamo eyenziwayo yokufundisa abavoti
- Amaqembu kanye nalabo abangenele ukhetho kufanele futhi bazise umphakathi ukuthi bonke abantu (kuhlanganisa abesifazane, abantu abaphila nokukhubazeka, kanye namaqembu akhuluma izilimi ezahlukene futhi anamasiko ehlukene) banelungelo:
  - lokukhululeka ukuthi basho lokho abakholelwa kukho ngakwezepolitiki kanye nokuthi babe yingxenye yanoma yiliphi iqembu lezepolitiki; futhi
  - lokujoyina imikhankaso yanoma yiliphi iqembu, izimashi noma imihlangano yomphakathi.

Ngabe kwenzakalani pho uma wephula Indlela Yokuziphatha na?

Noma ngubani owephula Indlela Yokuziphatha uyokwethwesa icala futhi engahlawuliswa imali ethile noma agqunywe ejele iminyaka engaye ifinyelele kweyi-10.

Amaqembu ezepolitiki awephula Ikhodi Yokuziphatha:

- angahlawuliswa;
- angamiswa angabe esasebenza endaweni; noma
- athathelwe amavoti awo angabe ewatholile akhanselwe.

Ukuze uthole ulwazi xhumana ne-IEC

Ihhovisi likazwelonke **Isikhungo sezingcingo se-IEC**

Ucingo: 012 622 5700 Ifekisi: 012 622 5784 0800 11 8000 (ngesikhathi sokhetho)

Thumela nge-SMS inombolo ye-ID yakho ku-32810 ukuhlola ukuthi ukubhalisele kuphi ukuvota.

www.facebook.com/IECSouthAfrica www.twitter.com/IECSouthAfrica www.youtube.com/IECSouthAfrica

iec@elections.org.za www.elections.org.za

ELECTORAL COMMISSION
ENSURING FREE AND FAIR ELECTIONS
SOUTH AFRICA